Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale uphendule imibuzo.

1. Funda yonke imibuzo onikwe yona ngaphambi kokuba ukhethe imibuzo ozoyiphendula.

   **Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU**

   **ISIQEPHU A :** Izinkondlo (30)

   **ISIQEPHU B :** Umdlalo (2X25=50)

2. Phendula **IMIBUZO EMIHLANU ISIYONKE.** ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: EMIBILI njengoba kukhonjisiwe ngezansi.
   ISIQEPHU A : IZINKONDLO

   IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula noma ngabe yimiphi iimibuzo EMIBILI.

   INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

3. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.

4. INDLELA YOKUPHENDULA ISIQEPHU B (UMDLALO)

   - Phendula YONKE IMIBUZO EKULESI SIQEPHU.

5. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO

   - Umbuzo omude ezinkondlweni mawuphendulwe ngamagama ayi-140 kuya kwangama-90.
   - Imibuzo emide enovelini nasemdlalweni mayiphendulwe ngamagama angama-240 kuya kwangama-290.
   - Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolalwula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani.
   - Abafundi mabaqaphele ukuthi bangathemelezi, kodwa baphendule okubuziwe.

6. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe emibuzweni.

7. Qalisa **ISIQEPHU NGASINYE** ekhasini **ELISHA.**

8. Bhala ngobunono nangesandla esibonkalayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU A: IZINKONDLO
## IZINKONDLO EZIMISELWE

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

**UMBUZO 1: UMBUZO OMUDE**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Uyajabula Yini? – M. Zulu**

Njengoba bebuthene belusizi,
Baqhath' usizi bedangele,
Bekhala belila ngethambo labo,
Bengasophinde nhlobo balibone,
Uma kunje uyajabula yini?

Njengoba emnyama bhuqe ezilile,
Konk' okwakhe kumnyama bhuqe,
Kumnyama kulele ikati eziko,
Kulalwe kuvukwe ngenkemane,
Uyajabula yini' ma kunje?

Njengoba kuxabene ubendle,
Kuchitheka igazi ubanqoklonqokloza,
Kuchichima inzondo ubafungela,
Esikhaleni kwaNtombela zitholana phezulu,
Njengoba kunje uyajabula yini?

Njengoba zisele dengwane,
Zintandanisile izintandane zosizi,
Zidlal' amankentshane eziyenga,
Eziholela oPhathe ezilinga,
Uma kunje usujabule yini?

Ukubulala abantu akulungile.

Vumelana noma uphikisane nalesi sitatimende ubhekise kulokhu okulandelayo: ukukhethwa kwamagama, umoya nethoni. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-140 kuya kwangama-190.

**[10]**

 Downloaded from Stanmorephysics.com 

## UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Ngikuthandile Ungithandile – M. Zulu**

Ngikuthandile ngolumangazayo,
Olweziziba ezinjula,
Olwesibhakabhaka ngokuphakama kwemikhathi,
Olwemikhathi ngokuthekela emazulwini,
Amazulu asababaza ngokubabazeka,
Ukubabazeka kwemihla namalanga,
Uyilanga eliphume laphakama
Ukuphakama kwaphakade kothando,
Uthando olumi izolo naphakade
Ntombi yezimanga zokubamangaza
Ubamangaza ngobakho obubabazekayo,

Izimanga zoMdali ngawe ziyehlula,
**Zehlule izinyanga namakhathakhatha,**
Amakhathakhatha okukhathaza inhliziyo,
Yephuke, iphoqozwe yimpoqo,
Impoqo yezimangelengele zoKhahlamba,
Ebezikhahlazekela iminjunju yothando lwakho,

Ntombi kaMalamulela!
Ngokubalamulela abazibhonqabhonqayo
Bezibhonqabhonqela obakho bendalo,
Bomuntu omuhle bevele bebahle,
Nokuthandwa uvele uthandeka,
Uthandeka uthule ungasukele muntu,
Uthande ulele ungakhulumi,
Uthandeka uhamba usukuzela,
Ushikile umamatheka uyathandeka,
Ngelilodwa elincengayo,
Ngithande Nokuthanda.

2.1 Tomula uphinde ugagule imvumelwano etholakala ebinzeni loku-1. (2)

2.2 Chaza kafushane ukusetshenziswa kwe-Enjambament etholakala emgqeni wesi-9 kuya kowe-11. (2)

2.3 Ngabe ukukhethwa kwamagama abhalwe ngokugqamile kukulekelele kanjani ekuqondeni kwakho umugqa we-13. (2)

2.4 Chaza ngokusetshenziswa kokuxhumana okutholakala emgqeni wama-24 kuya kowama-26. (2)

2.5 Phawula ngendikimba etholakala emgqeni we-19 kuya kowama-21. (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Udondolo**

1. Uyasha umlilo ngapha nangapha
2. Liyasha iqubula kodwa
3. Ubukeka upholile
4. Siyamangala wena wenza ngani?
5. Thina sikhaliswa ikhoza nje
6. Sikhale simayeza sibalise.

7. Siyalubona udondolo lwakho
8. Luyakhazimula ubhula ngalo
9. Konke okuma endleleni yakho.

10. Yilo lolu dondolo ocisha ngalo yonke imicibisholo
11. Yilo lolu dondolo osula ngalo izinyembezi
12. Likhona leli dwala ocashe kulo
13. Uzuzwa ngendaba ukuthi kade
14. Usha ubuhanguhangu.

*B.P. Dlamini*

3.1 Gagula imvumelwano etholakala ebinzeni lokuqala bese uyitomule. (2)

3.2 Kungani imbongi isebenzise umbuzo mbumbulu emgqeni we-4? (2)

3.2 Yini inhloso yembongi yokusebenzisa ukuxhumana okusekuqaleni okutholakala Ebinzeni lesithathu? (2)

3.4 Ngabe umfanekiso mqondo osetshenziswe emgqeni we-10 ukulekelele kanjani ukuqonda le nkondlo? (2)

3.5 Phawula ngempumelelo yembongi ekusebenziseni i-enjambamenti emgqeni we-13 nowe -14. (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**BABA WABANTABAMI – T QWABE**

Baba Wabantabami
Ngaphuma ngashiya umuzi wakwethu,
Ngashiya intokomalo nentokozo yakwethu,
Ngoba usuthe wena angizokwakha owethu,
Ngoba usuthe ungithanda ngoludlula konke,

Ngisakhumbula kahle ngengqondo yami,
Usangikhulumisa ngamazwi amnandi,
Njengoju lwesinyosi zasebusika,
Ungidlalisa ngamazwi achichim' amancoko,
Ungibuke emehlweni ngidakwe ngidiyazele,
Ungibambe kushis' umzimba wonke,
Ohlekweni lwakho ngibon' imisebe,
Ngibone nemibalwa yethingo lwenkosazane,
Ngibon' imibalabala yezimbali ezinhle.
**Angazi-ke ukuthi kwathi gwiqiqi kuphi,**
Kwathi ngingashongo lutho kuwena,
Kodwa wathukuthela wagana unwabu,
Amehl' akho alokoza njengawemamba,
Aphenduka izikhweqe ezinamandla.

Kwathi ngokuvaleka komnyango,
Wadlonga ngemikhonto yamazwi,
Ngathi ngithi uyabohla uyazotha,
Wavuk' uqanduqandu ngolaka,
Phathaphatha kwaba ubuhluthuhluthu,
Phathaphatha kwaba ubudluthudluthu,
Ngawagwiny' amazinyo owawuthi mahle,
Uwancoma ukuba uthotho oluhle,
Ngavuza igazi kwangathi diki,
Kwalila izingane kwangathi diki,
Zangixolisela izingane kwangathi diki.

4.1 Nikeza imvumelano etholakala ebinzeni loku-1 bese uyayigagula. (2)

4.2 Fingqa ngamaphuzu AMABILI umqondo oqukethwe umugqa wesi-6 kuya kowe-10 (2)

4.3 Chaza umoya oqukethwe umugqa wama-25 kuya kowama-28. (2)

4.4 Ngabe Ukukhethwa kwamagama abhalwe ngokugqamile kukulekelele kanjani ekuqondeni lomugqa. (2)

4.5 Phawula ngomfanekiso-mqondo otholakala emgqeni we-17. (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## KANYE

INKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo)

**UMBUZO 5: UMBUZO OMFUSHANE**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UKUTHELELANA – MD Buthelezi**

Simakade, Somandla, Nhlalamafini,
Uzwa ubuhlung' onqamlezweni,
Izingalo zileng' esiphambanweni;
Izinyawo zigwaz' izipikili
Wabekezela, usifundis' ukuthethelelana.

Izinhlangothi zivuz' igazi,
Ekhand' uthwel' umqhele wameva,
Wena awusijezisanga, awusiqalekisanga
Wabekezela, usifundis' ukuthethelelana.

Wahlahla yona inyathuko,
Wasibekela sona isibonelo;
Wasifundis' ubumqoka
Bokuthelelana amanzi.

Lapho singaboni ngokufana,
Lapho siphambana ngokuvumelana;
Z'usikhumbuze njalo Nkosi
Ubumqoka bokuthethelelana.

[Icashunwe: Imibengo – AT Kheswa & ETZ Mthiyane]

5.1 Tomula ifanamsindo elitholakala emgqeni woku-1 bese ugagula uhlobo lwalo. (2)

5.2 Nikeza umqondo oqukethwe umugqa wesi-6 kuya kowesi-7. (2)

5.3 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa isikhawu/isizura emgqeni wesi-8? (2)

5.4 Chaza umqondo otholakala kule nkondlo. (2)

5.5 Phawula ngokusetshenziswa kwempindwa kule nkondlo. (2)

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU B**
**Phendula imibuzo OYOMIBILI kule noveli emiselwe.**

**UMBUZO 6: UMBUZO OMUDE**

***Zihlangene Phezulu – MB Sibanyoni***
Ukungathembeki kwabantu uma besebudlelwaneni bezothando kuba nemiphumela engemihle.

**Vumelana noma Uphikisane** nalesi sitatimende esingenhla ubhekise kulaba balingiswa abalandelayo: uThuthukani Njiyela, uLetheni, uThembekile. Impendulo yakho mayibe i-Eseyi ehleleke kahle, ube ubude obuphakathi kwamagama angama-290 kuya emakhulwini angama-340.

**[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 7: UMBUZO OMFUSHANE**

***Zihlangene Phezulu*– MB Sibanyoni**
Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ULetheni ehleka usulu "He..! He…! He…! Lala lulaza sikwengule, wena uyilesi esathunywa ugwayi sabuya neboza. Kawulazi ikusasa lakho nale nto enguThembekile," kuphendula uLetheni sakugcona.

"Waze wadelela umuntu wesifazane madoda. Eyekusasa lami noThembekile makube yinkinga leyo, akudokwe ligayelwe wena ukuthi siyophathana kanjani. Engikwaziyo ukuthi ngeke afane nawe owathatha ikusasa lomshado wethu waligqiba emgqonyeni wezibi.

Okubalulekile ngiyamthanda uThembekile futhi akukho okuzesahlukanise. Ngakho-ke icebo lakho ngeke lisebenze. Noma ungambiza ngento, uyinto yami, hamba nawe uye ezintweni zakho obugudla nazo wonke lo nyaka.Ngenxa yokuthi sekuduke umentshisi kungakho usubuya ugijima lapha kimi. Nami-ke kangiwufuni umkhiqizo osudlulelwe yisikhathi.

Hamba dadewethu ngingaze ngikududule ngenkani ngoba sengicikekile nguwe manje," kukhuluma uThuthukani eselinde emnyango ukuthi uLetheni aphume.

"Nokuba uyalwazi ugobe elikucathamelayo ubuzoyeka ukubhibhidla amathe njengengane ulalele ngoba lukhulu luyeza luyanyelela uyobathe izithende ukubeletha isiphundu kuyokuba emva kwendaba. Uyoze ube wuthi lokuvungula njengoba uyisishaqaba esingaka. Uyobathe qala qala ngiyobe ngingasabonwa nangalukhalo. Nokuba uyazi ubungeke ungikhakhabise ngale ndlela, kepha akulutho sekusemome ukuthi uthole iqiniso ngalo mdlavuza wentombi yakho," washo uLetheni ethatha isikhwama sakhe esincane ephuma eshaya isicabha ngesankahlu.

Downloaded from Stanmorephysics.com

"Hamba….! Ungalokothi ubeke imiconjwana yakho kulo muzi ungizwa kahle? Ngiyokuhlahlela ngocelemba ngike ngabona isithunzi sakho nje lapha egcekeni lami," kusho uThuthukani evala isicabha ngoba uLetheni esephumile.

ULetheni waphuma ngesango, ucilo wazishaya endukwini ngoba wathola itekisi masishane. Phela umuzi wabo useDube Street khona lapha eWattville. Lona ngumgwaqo omkhulu ongena ngawo kuleli lokishi uma uliqhamukisa ngaseHeidelburg Road kanti uphinde uxhume kuReading Road uliqhamukisa ngaseBenoni noma eDunswart Station.

7.1 Shono isu elisetshenziswe umbhali kulesi siqephu. (2)

7.2 Nikeza okufanayo kubalingiswa abanguThembekile noLetheni okwenza babe nokuxhumana noThuthukani. (3)

7.3 Chaza kafushane umoya otholakala kulesi siqeshana. (2)

7.4 Ngolwazi lwendaba ukuhlangana kwabalingiswa abanguThuthukani noThembekile kwaphetha kanjani? (3)

7.5 Chaza ukuthi indikimba yale noveli ixhumana kanjani nokwenzeka empilweni kaLetheni noThembekile. (3)

7.6 Chaza umyalezo odluliswa kule noveli. (3)

7.7 Isenzo sikaLetheni sokuthi abe neshende ebe eshadile simveza jengomlingiuswa onjani? (3)

7.8 Ucabanga ukuthi ukuba khona komlingiswa onguMqondisi empilweni kaThuthukani kube namuphi umphumela. (2)

7.9 Ngokwakho ukubona umlingiswa onguiMaThabethe wayethathe isinqumo esihle yini ngokuntshontsha ingane kaLetheni. (2)

7.10 Xoxa ngempumelelo yombhali ekuphetheni le noveli. (2)

**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU [25]**

**AMAMAKI ESEWONKE: [80]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO YOKUMAKA LELI PHEPHA**

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe. (**Ohlolwayo akumele aphendule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo**)

2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.

3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlolweni kanti eyesibili ishaya emhlolweni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.

4. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe imemo.

5. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.

6. **Imibuzo emide**
   Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo.

7. **Imibuzo emifushane**
   Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.

8. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

9. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu, ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

## UMBUZO 1: UMBUZO OMUDE

### UYAJABULA YINI?
### ISINGENISO

Ngiyavumelana nalesi sitatimende uma sithi "Ngempela ukubulala abantu akulungile." Kule nkondlo imbongi ikhuluma nombulali ukuthi uyajabula yini njengoba abantu bekhala bezilile, kunendlala izingane seziphenduke izintandane zidlala abantu ngenxa yesandla sakhe. Ngizocaphuna ngisekele ngokukhethwa kwamagama, umoya nethoni.

### UMZIMBA

Imbongi ikhethe igama elithi "**Belusizi"** imbongi igqamisa usizi imindeni eba nalo uma ishiywe ilunga layo. Iphinde yasebenzisa amagama athi "**Belila ngethambo labo"** Imbongi iveza ukuthi imindeni isuke ikhala idazuluka ikhalela ilunga layo elishonile. " **"Emnyama bhuqe ezilile"** Imbongi igqamisa ukuthi sebezilile ngezingubo ezimnyama ezihambisana nosizi nebhadi lokushonelwa imbongi iyabuza-ke ukuthi uyathokoza yini umbulali uma sekunje. Imbongi iphinde isebenzise isimo sokukhuluma esithi **"Kulele ikati eziko**" Isaga esichaza inhlupheko imbongi igqamisa ukuthi umndeni usala uhlupheka ngoba uhanjelwe okade ondla. Negama elithi "Ngenkemane" (indlala) imbongi igqamisa ukuthi umndeni usulala ungadlile.**•"Kuxabene ubendle"** isisho esigqamisa ukungezwani abantu bayaxabana ngenxa yokubulalana.

Imbongi ikhathazekeli, ikhathazwa ukubona abantu benomunyu ngokushiywa izihlobo zabo, ezingasophinde zibuyele kubo. Imbongi iveza umoya wokukhathazeka ikhathazwa ukuthi ukubulala abantu, kwenza imindene esele, isale dengwane isale ihlupheka idla imbuya ngothi. Ukuthi uma ukufa kufika impilo iba nzima emindenini ehanjelwe izihlobo zayo. Ubanqoklongqokloza- isenzukuthi esigqamisa ukubulala ngesibhamu. Esikhaleni sikaNtombela zitholana Phezulu isaga esigqamisa ukusongelana- Umbulali usongela akaxabene nabo.

Sithola ithoni yokukhathazeka. Imbongi ikhathazwa indlela abantu abazondana ngayo uma sekukhona ilunga lomndeni elidluli emhlabeni, benukana bodwa. imbongi ikhathazwa ukusala kwezingane zingenabani eminye imizi ivaliwe. Nezigebengu ziqola izingane. Isebenzise impindwa 'Uma kunje uyajabula yini?' ukugcizelela ubuhlungu bayo, ngesihluku esidalwa ukufa. Kule nkondlo kunethoni yokukhathazeka kwembongi,ikhathazwa ukubulawa kwabantu emhlabeni owenza imindeni ihlupheke, idonze kanzima, Zintandanisile-zisele zingenabani ozibhekile seziyizintandane ezigcwele usizi, umbulali ukhanda izintandane

### ISIPHETHO
Kuyiqiniso ukuthi ukubulala abantu akulungile ngoba kuletha usizi nobuhlungu Ebantwini Zidlala amankentshane . Imbongi ithi izingane zomufi zigcina sezidlala abantu abangazicabangeli kepha abazicabangela bona nje kuphela. Ophathe ukuholela/ ukuyengela oPhathe. Imbongi ize ithi izigila mkhuba ziyenga izintandane zizishiye kanjalo ebumnyameni.

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 2: (UMBUZO OMFUSHANE)**

**NGIKUTHANDILE UNGITHANDILE: B.W VILAKAZI**

2.1 "**O**lweziziba ezinjula,"
"**O**lwesibhakabhaka ngokuphakama kwemikhathi,"

Imvumelwano- siqalo (2)

2.2 Imbongi isebenzise i-Enjambamenti ukuxhumanisa umqondo wesi-9 kuya kowe-11. Imbongi ibabaza uthando ethanda ngalo le Ntombi. Iphinde igcizelele ukuthi uthando ethanda ngalo le Ntombi alusoze lwaphela. (2)

2.3 Lamagama abhalwe ngokugqamile elitholakala emgqeni we- 13 elithi "**Zehlule izinyanga namakhathakhatha** " lingilekelele ukuthi ngiqonde ukuthi lolu thando akukho zinyanga ezingalapha inhliziyo ehlukumezekile ngenxa yothando enalo ngale ntokazi. (2)

2.4 Imbongi isebenzise ukuxhumana okusekuqaleni okuthi "Uthandeka" ukugqamisa ukuthi imbongi ithanda le ntokazi kukho konke ekwenzayo. (2)

2.5 Imbongi iphumelele kahle ukugqamisa indikimba yothando. Imbongi Ibiza le Ntombi ngokuthi eyakwaMalamulela ngoba iyona engamkhulula kulo luthando olubuhlungu elizwa ngaphakathi.

(2)

**[10]**

**UMBUZO 3: UMBUZO OMFUSHANE**
**UDONDOLO: J. M SIKAKANE**

3.1 Imvumelwano etholakala ebinzeni loku-1 imvumelwano-maphakathi
"Thina **si**khaliswa ikhoza nje"
"Sikhale **si**mayeza sibalise." (2)

3.2 Imbongi igqamisa umqondo wokudideka, ididwa ukuthi kukhona loyo embonayo onezinkinga zakhe zivesane zashabalala ngenxa yokusizwa uMdali. Imbongi ibona ukuthi uNkulunkulu yedwa onamandla okunqoba izinkinga. (2)

3.3 Inhloso yembongi yokusebenzisa ukuxhumana okusekuqaleni ukuthi Yilo… ',ebinzeni2 lesi-3, ukugcizelela ukuthi ngalolu kholo imbongi iyakwazi ukulwa inqobe zonke izinkingaebhekana nazo luphinde luyiduduze uma iphatheke kabi noma isezimeni ezingezinhle. (2)

3.4 Imbongi isebenzise umfanekisomqondo isingathekiso lapho ibiza khona ukholo ngodondolo. Lokhu kungilekelele ukuqonda ukuthi ngokukholwa ukwazi ukunqoba zonke izimo /izimpi ezikuhlaselayo. (2)

3.5 Imbongi iphumelele kahle ekusebenziseni i-enjambamenti emgqeni we-13 kuya kowe – 14 ukuqedela umqondo womugqa ongenhla emgqeni ongezansi. Imbongi igqamisa ukuthi noma kukhona izinkinga ezikhona ebantwini kepha yona ayizizwa izwa ngendaba ngenxa yokukholwa kwayo.

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**NOMA**

**UMBUZO 3: UMBUZO OMFUSHANE**

**BABA WABANTABAMI: S.R.C.SHONGWE**

4.1 "Ngaphuma ngashiya umuzi wakwethu"
" Ngashiya intokomalo nentokozo kwakwethu",
Ukuxhumana-sigcino

**NOMA**

"**Ngoba** usuthe wena angizokwakha owethu"
" **Ngoba** usuthe ungithanda ngoludlula konke" (2)
Ukuxhumana-siqalo
[Nikeza amamaki amabili uma etomulile wagagula ukuxhumana]

4.2 Imbongi ijeqeza emumva indlela umyeni wakhe ayemdlalisa ngayo. Imbongi iphinde ithi ibe mdlalisa ngamagama amnandi, achichima amancoko noma ebimteketisa ngawo.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile kafushane ukusetshenziswa kwefanankamisa wasekela] (2)

4.3 Umoya oqukethwe umugqa wama-25 kuya kowama-28 owosizi ngenxa yokuhlukumezeka kwembongi ihlukunyezwa umyeni wayo.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umoya webinza wasekela] (2)

4.4 Ukukhethwa kwamagama abhalwe ngokugqamile athi "angazi-ke ukuthi kwathi gwiqiqi kuphi" angilekelele ukuthi ngiqonde ukushintsha kwesimo emzini noma ekhaya le mbongi. Aphinde agqamise ukuthi imbongi iyahlukumezeka ekhaya layo ihlukunyezwa ngumyeni wayo.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umoya webinza wasekela] (2)

4.5 Imbongi iphumelele kahle ukusebenzisa umfanekiso-mqondo oyisenzasamuntu ukugqamisa ukuthi umyeni wakhe ubevesane athukuthele esikhaleni kungenzakalanga lutho.

[Nikeza amamaki amabili uma ephawullile ngokusetshenziswa kokuphindaphinda kwegamai wasekela]

(2)
**[10]**

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 5: UMBUZO OMFUSHANE**

**'UKUTHETHELELANA' – MD Buthelezi**

5.1 Simakade, Somandla, Nhlalamafini,
Ifanankamisa.
[Nikeza amamaki amabili uma etomulile waligagula ifanamsindo] (2)

5.2
- Umqondo wokuthi ulimele uphuma igazi ezinhlangothini zomzimba.
- Umqondo wokuthi ufela izinkinga zabantu.
- Umqondo wobunzima uSimakade/uSomandla/iMvana eyadlula kubo ngesikhathi ifela izono zabantu.

[Nikeza amamaki amabili uma ewunikile umqondo wale migqa] (2)

5.3 Inhloso yembongi yokusebenzisa isikhawu/isizura 'ukuphumula nokubala izinto ezenziwa uJesu/uSomandla/uSimakade emuva kokuba abantu bonile kanye nokugcizelela okuqukethwe yila magama andulela uphawu lokuphumula.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yokusetshenziswa kwesikhawu/isizura] (2)

5.4 Umqondo otholakala kule nkondlo owokuthethelelana/owokuxolelana njengoba nendodana kaNkulunkulu yabathethelela abayikhaphelayo.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umqondo otholakala kule nkondlo] (2)

5.5 Imbongi iphumelele kahle ukusebenzisa impindwa ethi, 'ukuthethelelana …' ukugqamisa ukubaluleka kokuthi uma kukhona ukungezwani abantu mabakwazi ukuxolelana. Impindwa iphinde igcizelele umqondo owethulwa amagama ewaphindaphindile enkondlweni, ukuze kwakheke umgqumo omnandi osamculo.
[Nikeza amamaki amabili uma ephawulile ngokusetshenziswa kwempindwa] (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 6: UMBUZO OMUDE**
**ZIHLANGENE PHEZULU – MB SIBANYONI**

**ISINGENISO**

Ngiyavumelana nalesi sitatimende uma sithi "Ukungathembeki kwabantu uma besebudlelwaneni bezothando kuba nemiphumela engemihle."
Nakuyo le noveli bakhona abalingiswa abahambisana nalesi sitatimende ngokwezinqumo abazithathayo. Lokhu kufakazelwa yizibonelo ezilandelayo:

**UMZIMBA**

- UThuthukani akathembekanga ebudlelwaneni bakhe noThembekile kwagcina kuzalwa uSiphesihle ophikiwe wakhula kanzima.
- Ukungathembeki kukaLetheni emshadweni kugcina sekugaxelisa uNobesuthu oqanjelwe amanga aluhlaza cwe kwathiwa uphinge nosibali wakhe.
- Ukungathembeki kukaLetheni ebudlelwaneni bakhe noThuthukani kwashiya uThuthukani nenhliziuo ebuhlungu ngoba embone elethwa indoda yemoto endlini.
- Ukungathembeki kukaLetheni ebudlelwaneni bakhe noThuthukani kugcina sekuholele kwidivosi, uThuthukani usala ehleempu ephundlwe nayizikweletu agcine esezikhokha ngemali ye-UIF.
- Ukungathembeki kukaThembekile ebudlelwaneni bakhe noMthavuna kugcina kuholele ekunqamulezweni kwempilo kaMthavuna.
- Ukungathembeki kukaThembekile ebudlelwaneni bakhe noThuthukani kuletha ukukhala nokugedla kwamazinyo lapho sekufike uLetheni ezodalula izimfihlo.
- Ukungathembeki kukaMathabethe ebudlelwaneni bakhe noMsimude kuphetha ngobuhlungu obutshutshumbayo obubhekana noMsimude uma esethola ukuthi uMadoda uyibhantshi.
- Ukungathembeki kukaThuthukani ebudlelwaneni bakhe noThembekile kuholela ekutheni uThuthukani aphile impilo yakhe yonke ezazi njengongenamntwana.
- Ukungathembeki kukaThuthukani ebudlelwaneni bakhe noThembekile kwaholela ekutheni uThembekile agcine esentunta izwe lonke nesisu kuze kusiza UMaThabethe owagcina emthole esehlala emjondolo eMhluzi.
- Ukungathembeki kukaThembekile ebudlelwaneni bakhe noThuthukani kwaholela ekudutshulweni kwakhe edumping site.
- Ukube uLetheni wathembeka ebudlelwaneni bakhe wayengeke agcine esezithola eboshelwa izidakamizwa ezweni laseKorea.

**ISIPHETHO**

Imphela lesi sitatimende siyiqiniso. Kulaba lingiswa abangenhla abakhombisanga ukuthembeka ebudlelwaneni bab okwaholela ekutheni kube nemiphumela engemuhle ezimpilweni zabo.

**[Nezinye izimpedulo ezinembayo ziyokwakeleka]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 7 : UMBUZO OMFUSHANE**
**ZIHLANGENE PHEZULU – MB SIBANYONI**

7.1 Isu lokubikezela.√ ULetheni utshela uThuthukani ukuthi ukuba uyalwazi ugobe olumcathamelayo.√ (2)

7.2 Bobabili banezingane zikaThuthukani.√ UThuthukani wayiphika ingane kaThembekile√ kanti uLetheni eyakhe yantshontshwa umakaThembekile okuyingane kaThuthukani.√ (3)

7.3 Umoya wokwedelela.√ uLetheni udelela uThuthukani ngokumhleka usulu, uze amtshele nokuthi lala lulaza sikwengule, uyilesi esathunywa ugwayi sabuya neboza.√ (2)

7.4 Ukuhlangana kukaThuthukani noThembekile kwaphetha kabi ngoba ngesikhathi uThembekile etshela uThuthukani ukuthi usezithwele wamphika wathi akaze ambone naseJuteni waphika nengane, wathi akekho umuntu ongabamba isisu ngobusuku obubodwa nje behlangene.√√√ (3)

7.5 Indikimba yale noveli ubugebengu.√ Ukuboshwa kukaLetheni emazweni kwahlelwa uThembekile , uThembekile udayisa izidakamizwa, uLetheni uthumela izigebengu ezimbili uSpikes noRazor ukuthumba uThembekile.√√ (3)

7.6 Umbhali udlulisa umyalezo othi, kuhle ukubekezela. UThuthukani ukwazile ukubekezelela izingqinamba zempilo ahlangabezane nazo. Ulahlekelwa umsebenzi walahlekelwa ingane, uphinde uhlushwa uNkosikazi wakhe uLetheni.√√√/
Ungamthembi umuntu.UThuthukani ubethembe umkakhe ukuthi bayobambisana kuze kube sekugcineni kodwa uLetheni uvela njengomuntu ombethe isikhumba semvu.√√√ (3)

7.7 Isenzo sikaLetheni sokuthi abe neshende ebe eshadile sibi.√ Ugcina ehlukumeza umyeni wakhe uze uthatha isinqumo sokumshiya. Utholakala esephuza notshwala kanti ubeyisibonelo esihle ethanda nesonto.√√√ (3)

7.8 Ngicabanga ukuthi kube nomphumele omuhle ngoba uMqondisi ungumngani kaThuthukani oneqiniso. Uyamsiza lapho adinga khona usizo aphinde ambonise lapho aphambuka khona.√√ (2)
(Nezinye izimpendulo ezishaya emhloweni)

7.9 Ngokubona kwami uMaThabethe wayethathe isinqumo esibo ngoba wancisha ingane ilungelo lokuba ikhuliswe abazali bayo bangempela futhi ikhulele ekhaya lakubo. Okungenzeka futhi nokuthi ize iba isigebengu nje yingoba Ibiza nesibongo okungesona.√√ (2)
(Nezinye izimpendulo ezinembayo)

7.10 Umbhali uphumelele ukuphetha le noveli kuvuthondaba. UThuthukani noLetheni bathola ingane yabo kanjalo kuvela namaqiniso ngoThembekile nonina okunguye owantshontsha ingane kaLetheni ezenze umhlengikazi.√√ (2)

**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B : [25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**RUBHRIKHI YOLIMI LWASEKHAYA**

**ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WENKONDLO [AMAMAKI AYI-10]**

| Izinkomba | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kuyagculisa | Akugculisi kahle | Akugculisi nhlobo |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE** | **5–6** | **4** | **3** | **2** | **0–1** |
| Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.<br><br>**6 AMAMAKI** | -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu<br>-Amaphuzu amahle kakhulu ahlukene asekelwe kabanzi kubhekiswe enkondlweni<br>-Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo. | -Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle<br>-Impendulo echaza ngokwenelisayo<br>-Amanye amaphuzu anembayo kodwa awasekeliwe onke ngendlela elindelekile<br>-Ulwazi lwenkondlo luhle. | -Isihloko usihlaziye ngokugculisayo<br>-Akhona amaphuzu amahle asekela isihloko<br>-Amanye amaphuzu asekeliwe kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi<br>-Ulwazi lwenkondlo olugculisayo. | -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle<br>-Kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko<br>-Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle. | -Akanalo nhlobo ulwazi lwesihloko<br>-Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo<br>-Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo. |
| **ISAKHIWO KANYE NOLIMI** | **4** | **3** | **2** | **1** | **0–1** |
| Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.<br><br>**4 AMAMAKI** | -Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu<br>-Amaphuzu ahleleke kahle kakhulu futhi athungelana kahle kakhulu<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlolweni<br>-Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo. | -Isakhiwo esihleleke kahle futhi amaphuzu ageleza ngokulandelana kahle<br>-Ukugeleza kwamaphuzu kuyalandeleka<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle. | -Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo<br>-Amaphuzu awagelezi futhi awahlelekile<br>-Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenziswe ngokugculisayo. | -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka<br>-Amaphuzu awahlelekile ngokugculisayo<br>-Ulimi lunamaphutha amaningi<br>-Ithoni nesitayela akugculisi kahle. | -Isakhiwo asihlelekile kahle neze<br>-Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze. |

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]**

| Izinkomba | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kuyagculisa | Akugculisi kahle | Akugculisi nhlobo |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE** | **12–15** | **9–11** | **6–8** | **4–5** | **0–3** |
| Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.<br><br>**15 AMAMAKI** | -Impendulo enembayo:<br>-Impendulo enhle kakhulu:<br>-Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu<br>-Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni<br>-Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | -Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle<br>-Impendulo echaza ngokwenelisayo<br>-Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekelwe ngendlela elindelekile<br>-Ulwazi lwenoveli/ ubuciko bomlomo nomdlalo luyabonakala. | -Ukuhumusha isihloko ngokugculisayo; akuzona zonke izingxenye ezicaciswe kabanzi<br>-Kunamaphuzu ambalwa amahle asekela isihloko<br>-Amaphuzu ambalwa asekeliwe, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi<br>-Ulwazi olungenele lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko ngokucacile<br>-Amaphuzu ambalwa asekela isihloko<br>-Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko<br>-Ulwazi oluncane lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | -Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko<br>-Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo<br>-Amaphuzu awanelisi nhlobo<br>-Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/ ubuciko bomlomo nomdlalo |
| **ISAKHIWO KANYE NOLIMI** | **8–10** | **6–7** | **4–5** | **2–3** | **0–1** |
| Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.<br><br>**10 AMAMAKI** | -Isakhiwo silandelana kahle kakhulu<br>-Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu<br>-Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle<br>-Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni. | -Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle<br>-Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle<br>-Amaphuzu ageleza kahle<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle. | -Isakhiwo siyabonakala kancane<br>-Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha<br>-Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile<br>-Izigaba eziningi zibhaleke kahle. | -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhlelweni kwaso<br>-Amaphuzu awahlelekile kahle<br>-Amaphutha olimi agqamile<br>-Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele<br>-Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha. | -Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu<br>-Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo<br>-Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele<br>-Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha. |
| **UKWABIWA KWAMAMAKI** | **20–25** | **15–19** | **10–14** | **5–9** | **0–4** |